health
Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

IZWI LETHU

'Reaching you across the fields & Mountains of Our Land!'

Nkandla Hospital NEWS

# USUKU LWAMAGUGU

STAY INFORMED

## uMandulo 2017







Mhla zingamashumi amabili nesishiyagalombili kuMandulo, isibhedlela sase Nkandla sasisingethe umgubho wamagugu. Phela lomgubho ubaluleke kakhulu esizweni samaZulu ngoba kusuke kukhunjulwa umbumbi wesizwe uShaka kaSenzangakhona. Kwesokudla, umxhumanisi wesibhedlela nomphakathi wemukela bonke ababekhona kulomcimbi wabe esebalula inhloso yokuhlangana. Kokunye akuthinta lapha wathi, isizwe esimnyama siyaziqgaja ngamasiko aso futhi siyahlonipha, siyamazisa omunye umuntu. Okunye okwavela la ukuthi kufanela sibumbane ukuze sikwazi ukubhekana nezinselelo esiphila ngaphansi kwazo kanjalo nesisebenza ngaphansi kwazo kusho umxhumanisi.



Yizo lezi izimbali zesizwe. Kwakukuhle kudelile kulomcimbi, abasenzi basesibhedlela saseNkadla bephume ngobuningi babo ukuzogubha umgubho weLembe eleqa amanye amalembe ngokukhalipha. Kwakukuhle kudelile, kufinywa ngendololwane uxamu eshaya izandla. Uyadela umakhasane owazibona zibulalana













ABOVE: Izintoka zamaNazaretha zenza into yazo, kwaduma uAmen.

BELOW: Abasenzi basesibhedlela babephume ngezinkani kulomcimbi

## AZIBUYE EMASISWENI

Lezizintokazi ezingenhla, zikhonza ebandleni lamaNazaretha. Kwathi uma usuku luya ngokuya lujiya, kwasuka usinga, zasukuma zagida. Zikhombisa ukuthi zona zimdumisa kanjani uMvelinqangi ebandleni lamaNazaretha

Kwesokunxele: uyayibona intombi endala, yayivunule iconsa, ithi nje kuguga othandayo.

Kwesingenzansi: izinsizwa zesibhedlela, ziholwa umfo kaMbambo uMageza ngobisi lwentombazane. Zangena ngehubo lazo kwashukuma inkudla. Ibambeni zinsizwa zakithi.







Flag at the gate was erected for the whole pharmacy month

Erected by Sandile Gumede, Pharmacist Assistant Post-Basic

**Sigananda Primary School**

Winile Ntombikayise Mahlangu, our community service pharmacist, talking to Sigananda Primary School pupils.






Below: Nkosinathi Emmanuel Mpanza (Pharmacist) at Nkandla FM, he was addressing the community about the importance of vaccination and the proper use of medication. He also encouraged young people to consider pharmacy as their future career. He told them that pharmacists  are in  a demand, you don't look  for the job, the job looks for you.



Below: some of the pharmacy staff members during the opening function of the pharmacy month celebration. Mr. Mabizela was practicing to dance.







Above: pharmacy staff members parading around the hospital during the celebration of the pharmacy month. The message was sent to everyone, from young to old.




Pharmacy team led by their supervisor, Mr. Gezindaba Sithole, gathered in front of OPD celebrating pharmacy month.

